**IKHONO: UKUFUNDA NOKUBUKELA**

**USUKU: 15/01/2025 (ULwesithathu)**

**ISIKHATHU: IHORA ELILODWA**

**Funda ngokuqondisisa indaba elandelayo bese uphendula imibuza elandelayo.**

**Izandla Ziyagezana**

**uSizwe:** Awu ubulawe ngoba evela ezweni elingaphandle kweNingizimu Afrika. Kodwa kanti siyoze sifunde nini ukwemukela abantu bakwamanye amazwe?

**uZola**: Uyabazi ukuthi bayizigebengu kanjani? Kukhona-ke abakwenzile.

**uSakhile**: kuhle baxoshwe futhi bangaqashwa laba bantu lapha khona bezobuyela emakubo. Nami Zola angibathandisisi kahle, ngabo njalo ubugebengu.

**uZola**: Niyazi sebeze benze nomgunyathi wokuhola isibonelelo sikahulumeni wakuleli? Niyahola nje nina?

**uSizwe**: Kahleni Madoda! umthethosisekelo nabo uyabavikela uma belapha. Akumele bahlukunyezwe. Eyokuthi bayahola anginaqiniso lako. Wena Zola yithi nje awubathandi, ungakhulumi into engenaqiso.

**uZola**: Ngeke bakubone lokho. Thina silambile, asisebenzi.

**uSizwe**: ngabafowethu abavela kwamanye amazwe ase-Afrika laba. Khumbulani osopolitiki bakuleli babebhace emazweni abo ngezikhathi zobandlululo. Nathi asibaphathe kahle.

**uSakhile**: Uthini umthethosisekelo ngabo, Sizwe?

**uSizwe**: Awukuvumi ukucwasa ngobuzwe, ngobuhlanga, ngolimi, ngenkolo nangokunye. Uma nicwasa nizobhadla ezikhindini ngiyanitshela.

**uSakhile**: Uqinisile kodwa uSizwe. Umthetho awudlali. Kungcono kona ukubemukela kunokuya ejele. Ngempela akusibona ubuntu ukubahlukumeza. Ngiye ngicabange ukuthi uma ngingazithola ngikula mazwe ngingayimela yini le mpilo esibaphilisa yona.

**uZola:** Ayi ngiyanizwa kodwa nithini pho ngobugebengu? Sithule size siphele nya!

**uSakhile**: Ukhona umthetho Zola.

**uZola**: Niyanginqoba madoda. Ngithanda indlela uSakhile ayibeke ngayo, uma le nto eyibhekise kuye.

**uSizwe**: Yebo umuntu ufunda aze afe, nako lokhu yisifundo esizosifundisa nabanye.

**IMIBUZO**

1.Gagula abalingiswa abathathu endabeni engenhla

2.Sithini isihloko sale ndaba?

3.Enkulumweni ka Sakhile ethi, 'Kuhle baxoshwe futhi bangaqashwa laba bantu…'. Ingabe wena uyavumelana yini nayo? (YEBO/CHA) Sekela umbono wakho

4.Kusho ukuthini lokhu: Uma nicwasa nizobhadla ezikhindini

5.Laba abaxoxa le ndaba yini le abaxoxa ngayo?

6.Chaza futhi ubhale imbangela yokubulawa kwabokufika kuleli. Caphuna endabeni

7.Qhathanisa inkulumo yabaxoxi balendaba, Futhi uveze nemizwa yabo ukuthi bazizwa kanjani ngabantu abavela emazweni angaphandle, caphuna endabeni.

8.Ingabe impikiswano yabafana (inobuqiniso/inokucabangela). Hlaziya. Khetha impendulo eyodwa kubakaki bese uyahlaziya  ngokucaphuna endabeni.

**IKHONO: UKUFUNDA NOKUBUKELA(UMBHALO OBUKWAYO)**

**USUKU: 16/01/2024 (ULwesine)**

**ISIKHATHI : IHORA ELILODWA**

**Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo**




*Icashunwe encwadini isiZulu Sethu Ibanga lesikhombisa*

**IMIBUZO**

1. Ucabanga ukuthi kwenzekani kulo mbhalo?

2. Lokhu okwenzeka kulo mbhalo kwenzeka kuliphi izwe? Sekela impendulo yakho ngokuchaphuna embhalweni

3. Uthini owakho umbono ngabantu bokufika kule lizwe lakithi lase Ningizimu Africa?

4. Ingabe sewake wasibona noma wasizwa isigameko esifuze lesi esisesithombeni. Chaza kabanzi ngokususela esithombeni.

5. Nikeza lo mbhalo isihloko esisifanele.

**KHONO: ISAKHIWO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI ENGQIKITHINI**

**USUKU: 17/01/2025 (ULwesihlanu)**

**ISIKHATHI: IHORA ELILODWA**

1. **Guqula amabizo alandelayo abe undaweni**

(a) IGoli

(b) Isonto

2. **Kula mabizo alandelayo tomula isiqalo, isiqu bese ubhala isigaba sebizo**

**Isibonelo**

| Ibizo | isiqalo | isiqu | Isigaba |
|---|---|---|---|
| **umuntu** | **Umu-** | **-ntu** | **1** |

(a) Umngani

(b) Utshwala

3. **Phinda ubhale le misho ikhombe ukulandula kwe siphawulo nesibaluli**

(a) UNobuhle intombi endala

(b) Umsebenzi olula lo

4. **Khetha igama elilodwa elichaza lokhu.**

(a) Izinkomo eziyolobola intombazane (Umhlambi/Ababheka)

(b) Amalongwe abekwe ndawonye (Isitha/Inyanda)

5. **Hlobo luni lwesifengqo lolu**

(a) Sesifile indlala

(b) U-Okuhle muhle, yindoni yamanzi

6. **Shono ukuthi lesisabizwana sikhombe kuphi**

(a) Lowaya mfana uyagijima

(b) Isitulo lesi siphukile

7. **Guqula isenzo esikubakaki sikhombe impambosi yolwenziwa**

(a) Utshwala (-phuza) u-Okuhle

(b) Izindaba (-letha) intatheli

8. **Nikeza incazelo yalezi zaga**

